ILANGA LASE NATAL

Olwesithathu, April 9, 1920.

UKUZIMELA kwaBANTU

Sibone amazwi amahle kakulu esepapeni laseLovedale lalenyanga lapo likuluma ngemisebenzi efanele ukwenziwa abantu yokuziziva. Liti njengaloku abelungu kade beqamise iswi lokuti abantu mabahlakaniswe ngokwaba nabelunga liti kuhle babe basho entshweni abantu kepa beaze abadala baqambe imisebenzi yabo yokwenza isinto esinjengemisebini yokwalaka uvolo ngokusizwa yizihlobo nabo esisotileyo esimbiope saPesheya nalapa eSouth Africa kuti insuzo etolakala lapo yahlalelwase kuhle pakati kwabantu misebenzi nesisebenzi njengaloku kwenziwa kubelunga. Liqamisile akuti njengoba abelunga bevimbe ngomteto wabo womgoqo webala kweyabo imisebenzi bangese basho akuti omayama mangasisebenzeli umsebenzi wobangoweti ama esisebenzela owake umsebenzi. Loku yikona okusoqoda lenhlululo engaka ngeaza yebala. Isikati esifikile lapo nabo abantu maaje kawelake beme ngaso zombili baniss imisebenzi yabo pasu kwesiskelo esigata, kapele akuba osuinge beenike kouhlope kukokuake ngoba yiko loku okasihluba isituasi. Isizwe esingaposi lato lwaso pakati kwesizwe siyohlala siamsila waso soake. Kuningi okungahle kuqsliswe ama abantu belahla amoya wesikova bebumbana bazimisele ukusebenza isisyanga esiyishumi nambili onyakeni. Kangati nabo laba abati bayasiciliza basitande maaje basixasele njengoabo ama bazi ukuti seizi kubo ngokusikalela ngokubalawa yindlhlala kepa izwe lonke silibaka emehlweni ngoba sinokudhla nako konke kwetu. Uma nabo sebeke bantule nto kepa balutole kiti, kumbla ukuti "Boy" loka kiti kuskwabadala beta kusho lagase kapopala baqale ukuti Mr. Sobanibani.

Tina lelizwi lokukutaza imissbenti yabantu silishayela izitapa siti sengati kangasungalwa kona manje ukuba abantu bayeke ukufanda imisebenzi befandela ukuyonotisa amashabha abelungu nokusebenza kona kepa bafande bapande ukumisa eyakubo imisebenzi. Baningi abantu bakiti abangahle bayiqube imisebenzi yemishini. Iagani kuqala imishini sabe sibona ihanjiswa amadoda nezicoco evete amabhesha awo, po manje! Loku kuyakwenza ukuba abantu bayeke ukukandana emdolobheni befunda yonke imikaba le yapoheya eyala abantubetu nevasa inhlalakahle ngenxa yokwahlukana kade kwabantu abatakwayo. Sifisa ukuba izwi labo lokuti bayasiciliza lipenduke libe yisibusiso esigatshuzelweyo kube kanti lisovasa indlala emuyama ukuba izikele owayo umuzi iyeke ukubheka amonye amadoda esingadhlelani'ta nawo. Kasile wa'umuyama!

EZANENO NAPESHEYA

KAKAHAMBI.

Loku isikati sokupita lapa eSouth Africa sika Lord Buxton sabe sesipelile sekutiwa azohumba ekupeleni kwa May, usebuye wacela uHulumeni wal'eshaya ukube ake sti ukuhlala kuze kube sskupeleni kuka July. Kekaqadakali ozotata isikundhla sake, kucatshangelwa kwenye yezindlana zempi.

o o o

IZIWEDU eIRELAND.

Ledizwe liseziyalwini ezinkulu ngalesizikati. Abantu bakona kubonakala ukuba kukona ijemba olingasafani ukutula ngoba liti kade lalicela ukuniikwa umteto wokuzipata kepa noko kungasukwa. Sekuke kwabulawa abanumzane abatile abakulu kona.

EDENMARK.

Kade kuvotwa eDenmark kutandeka ukubona ukuti abantu bakona njengaloku sekapele impi nje iswe kwatiwa lisozaqulelwa loko okufanwa yiningi noma libe pansi kweGermany noma pansi kweDenmark. Ukuvota kubuyisele etinye eDenmark kepa iSchlewig iswe dabo litungiwe ukuti lizobuyela nge Denmark lavotelwa eGermany. Umbuso nake wavama lapo. Inkosi yatakutela yabakipa esikundhleni. Nakona siyalu. Amzi ukuba iyosala akomoni.

EZE PALAMENDE.

Njengaloku kade kuswdiwe nato iPalamende kade lisagodukile. Lisobaye lingene siniotanele esizulauwa kona. Sizwile ukuti kuhloswe ukuba isitimela sidululc kwaSzmkele siyoagena eSwazini ngoba silanda iswe elivaodiloyo le kwaNgwenya nasaBatonga.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

Ingcna namhla iComference yama Wesili eGrahamstown.

—:o:—

Uti uBhizosiaye sti abelunga baselkzi ato baganyile ekukuhleleni abantu basifasana. Uti omunye wakahlela intombazana yekotwa omunye wakahlela amfasi wesidwabe emfica entshontsha ngewa.

—:o:—

Ubaningi bwaSanta abehla ePhenix bayesebeka. Kangati sonke isindhlela siqonde ngalapa. Kaqame kakulu ngalomvalo.

—:o:—

Usefikile uSir Harry Lauder umhlabeleli odumileyo wamagama okuhlekisa asodhlala lapa eSouth Africa isikashana. Iholo lake £800 ngamonto.

—:o:—

Sekubekwe inkosi entsha eMhlatuzana endaweni kaMafastele uRev. Father G. Wolpert, Abbot uRev. Father A. Fleischer.

—:o:—

Sekazokwakiwa iKoliji lokufundisa abafundisi baseRoma abamnyama eMhlatuzana.

—:o:—

Ubehlile uDr. Bridgman wase Goli weAmerican Board Mission ese emhlanganweni woMomo ngelidhlule.

—:o:—

Kuswakala ukuti iBandhla lase Mageni njengaloku limakelwe nzamfandisi walo uRev. N. M. Nduli, sengati selikombile omunye omusha. Kwanga Bagapamelela.

—:o:—

Ubikwa uMonti (East London) umfundisi odumileyo waseNatal uRev. D. Russell wenza imvaselelo

—:o:—

Umgwangqaisa lapa eNatal uRev G. B. Mvayana waka amaBandhla eAfrican Cong. Church. Usetolile inxiwa kwaNyawa nase Harding. Lapa eTekwini kuqalwa intende nakona.

—:o:—

Ubabasa amaZulu aseFremier Mias uC. B. Mapumulo ngokumbingelela kwawo ngesinhlamva efika kona.

—:o:—

Kutolakele idosha lapa elinamapusi enyanga uMangutshana ongati owase Dalagubhe. Uma ebona loku aze afunele nganeno.

—:o:—

Uwadhle ngalapa lomvalo uMr Alexander Nxaba indodana kaMr. D Nxaba wase Groutville eyihamasha no mbhali enkantolo kwaDukuza. Lomlisa wafanda lapa Oblange naseLovedale. Kugwinyisa amate ukubona nati abakiti besikulumela esinzantolo. Loku sakugcina ngomuti uMr. C. Kunene.

Evela ku Mr. J. T. Gumede

Ngiloba ngimpilile. Simsebenza ngamandhla ukuwakalisa izitalo zabanta bakwiti, abapangwa umhlaba wabo, bapendulwa isigqili pesa kwawo, ababuswa ngokoqutshwa ajcogesinkomo, ngiyanibingelela. Ngimfikile ukuti sifa yindhlala kuleliswe lasemusini. Ngicela imikuleko nezifiso zenu ezihle ngakiti.

Bakiti ngiyaninxusa egameni lao babamkulu uba nisame ukuzwana, uMvelingangi asiekelele sitole inhlalakahle nokonwaba eswcni lakwiti.

Isindaba ngisitumela njalo kubahleli bamapepa akwiti ngiyetemba ukuti niyasifunda emapepeni-ndaba.

Ngiyalile ngabafana bakwiti abafele amalangelo etu, eJohannesburg.

Yimina,
Omunye wamanxusa
JOSIAH T. GUMEDE.
13 Highbury Terrace,
London N. 5.
England.

ISAZISO.

ABABULALA uZULU C. C.

Emhlanganweni weKomiti yeZ. C. C. obuhlangene eMooi River ngoMarch 10 kunqunywe ukuba umongameli uRev. S. B. Shibe acelwe ameme umhlanganso wabe Zula C. C. ubeseP. M. Burg ngodaba lwamaAfrican C. C. asetate izindhla nomsebenzi weZ. C. C. kutiwe mameme omabili amaKomiti naso sonke izipatimandhla nesitunywa.

S. B. KUMALO.
Chairman.

Ezakwa Nongoma.

NGU F. N.

Siyadabuka ukuti indhlela inkulu kwaZulu ngalonyaka, ibloba site sesiti nanti esangweni, sesibona imvula enga sepeli, isiti akusuka isikubolisa naloku ebesesiti kuyavutwa. Imvula inkulu itabi, futi sandhlala inkulu ums kubole a esinhlangeni nje.

Siyabazisa abasesitangwini ukuti mabaqede imali yokutela baginise bagcine imali yokusisa isingase, emakaya, bafune lapo iswe lingcono kona ukuze sitamele imali yeta basitolise umbila. Uma singakwenzi loko nina esisesilu ngwisi nowa kutiwa kwabani kovatwe ngchlahla, nonyaka nje inkula sifuna leaka tina namhlaqa.

o o o

Ngifikelwe elokuta usisi ngokuswa epapeni lesonto lelya ngeStrike ebikona kubanta bakiti eGoli, nababujewe ngabelungu bangasesala laluto. Impe la kuyaddabukisa ngapinico loko uSomandhla ayesiswele beligasi leta Angusi kahle loku angisekubuza kumuntu ukuti uma abelunga base beabaya ngenhlamva aje, kanti abasa kombuli yini amasama abo abawakulu ma ngo 1916 nango 1917 nokuba kwasho uHulumeni ukuti: "Emva kwempi sizoswelwa laitalo seto." Impela sisa bhekile ngoba siya ukumsiza uHulumeni eVlansi. Kwati akubayeni kwetu sabongwa ngenkati sonke isinkantolo lapa bahamba kona abanta ngiti ekuyaswa kwabo bahlatshiswa iskovi Kanti niti isikalo zeta sanibhekte enyameni na? Impela ama asasi esilagcayidala ums kanti nsmhla siti sitmala isikalo setu siti oBasi abasikupulele imali ngenxa yokubisa kokudhla nempahla bese sibulawa Sacela inhlamzi nsnkwa inyoka su! Asisange sikubone okunje.

Ngabekushiwo ukuti pela bashaywe ngalikucelayo. Api ke amaChief akipa abantu lapa emakaya sti iningi hambani niyosebenza? Ngiyetemba bati "yiji" abesibuzele pela. MaChief iswe lifa ngani bobatsa, sibuselani impela lo ku Komjuta nisidhla isinkomo lapa niti sengaba ukuyakusisa ulilulameni Siyikonsita lakanto yankonso o akazi ongaboniyo. He kodwa lozalina; Sobokia Manyosi.

o o o

Sike sabona uRevd. Mhlongo umfundisi wase Mdushini ehamba esangesa nesikole zonke zeParish yakwaNongoma ngokwetwasa kwayo le: ngoba pela sekutandeta ucibe pela sibe yikuGovernmt Aided Native Schools.

o o o

Esingeniswe ngo February ngesasa Dhlebe eMahlabatini, UTeacher usheshe watolakela, esakwaNongoma eDalobheni sicelelwe sokubhekela uTeacher otosivula. Esase Mvutasi sonske kusetiwa indhla entsha ngoba le ibisindala kakulu naso sisovulwa ngokutolakala kukaTeacher. Nesase Nhlwati seaibheke uTeacher sivulwe Loku pela sake sangena kullulumeni sebuyasecima nemhlaka sivukile Nesase Mahashini singene angisho yona iNational College loku yona syikupoti ukwakiwa. IDay School yona. Nesase kwaNdeni eBhadeni sisatungiswa ke so na esikatolakali kahle naso sebesihlongo sela eduze.

o o o

Siyajabula impela ums uMfundisi Oscroft nganemisamo enjalo ukukupula abantu bakiti. Yasini bafundi ukuti jonke leli laseSuta angikulumi ngelakwa Mandhlakazi akuko sikolo sakwa Hulumeni noTeachea abeko nabafundisi sisiseni ngoTeacher bazosiza isizwe sakuso. UTeacher ongatande makeswe ukuba lesi isindawo sesino Teacher, abanama Certificate ku Revd. L. E. Oscroft, Nougoma P. O., Zululand. Ikakulu sitanda abasi ngeIndustrical ngoba yiswe elikode nesitimela umuntu usiseise yena. Nakoke maZulu enitanda isizwe sakini sikanyiswe iqawe lasiwa ngokuba ilwe isimpi esilukuni nesishi sayo. Abafikelwa nje isihlangu empini yokugomana. Impela oyotate lesisiko lo odumo lwake loba luku ums epumele le ngoba asisange sibe esakwa Hulume ni. Ningo sabi maNotafase amandhla angawonu Office abasingi bakini lapa eMr. Bavonda noMr. Paketi baseNatal njalo. Umsebenzi wabo mahle uyatu seka kakulu.

o o o

Umkuhlane mukulu kwaZulu kodwa akusiyo Influenza yiFever nje yemnya ka.

o o o

Sesihlupekile ngenxa yokuba kwa limala amaBroho. Umqikileko asiswazi sesadhla inalishi libaba pinde usi "Hlobashana" sowavaleka le oseni bhaqa sipehla uzwati angikulumi intombi le ayikuqoka luto ngoEaster. Ipipi nentete, asisayishayi ngenxa ayisasingeli iyagula.

o o o

Sengivimbele abaaye baba ungixole la siyajabula ukubona uMr. S. Mgobhozi ovuba izwi leNkosi pakati kwabantu abanhlitiyo zabo zifana neka Faro. Loku akuko sikolo kwa-Mandhlakazi sinye nje. USimakade engati angnawe uze upumelele Mahlobo.

AUZ'UNGAGEJA.

OkaChamberlain womoya nokuhlambulula uyiko xo okushiwo yig me lawo. Welapa ukuh'ambulula nokwe leka kubantwana nakwabadala, kwala umuntu isimpete kabi inkwantshu yomoya esiswini kushwaqa kubohle emva kokupuza ingcozane lomuti. Aus' ungageja. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukuvela kuka Zulu.

NGU J. Z. NGCOBO.
(Iqutshwa kwelidhlule)

Wati ke uQwabe kaZulu, wo, kona ubamba kanseyikuzala bona abakwenza nsojosala abaKutikwenja. Yilapa ke sivela kona lesosibonelo sakwaZulu esabaye sagqalwa kwatiwa Ndabesita, ukuti Zulu. Loku pela kwakaseyigama lake ngoba uZulu pela wayesekona njengoba sonke sibizwa ngamagama awokoko. Uma siti Zulu akusiso isibongo sakwetekelwa isibongo esho impela sifana naso eskwa Kutikwenja nokuti Ndabesita, Ndaba njengoba isingi liti sapaswa abasemaMtetesi. Ngisi nina nitakazelo esho sempela ngaya nango pela uNdaba sisafika ajuto kaye. Ingati yibo abasemaMtetesi abapama naso kona kwaZulu sedizwa yilesi sakwa Kutikwenja base beabatsaled sikaNdabesita. Abe sisboko nani imaMbhata akuti sembatsini? Uti ke uQwabe, abamba nje aya kubani eMahlabatini na? Loku noMtetwa upame lapa katetwa icala emtiise intombazana kaNyambose ngenjoba umunje kutiwa Mtetwa kaNyambose. Ute emzala wasale uMtetwa, Uti uyapi loku noNdwandwe ubekwe ipkosi eciteni abeSuta bakuba kwaMshweshwe, pela wangakabiki uMshweshwe. Sikomba imvelo yake. Wati uyapi loku nabaseLangeni babekwe inkosi beeitwe abeSuta bakuba kwaMtengeni njengoba nasi ukuti kutona abeSuta bakwaLanga. Labo beSuta babizwa manje ngokuti abakwama Shule lapa kutona iliba lika-Mlangeni, aliko nje laps emakosini aseLangeni ezintabeni zoMhlatuze lapo kakona oBhebhe noMgabhi no-Makedama. Wati, uyapi loku abakwaNzuza abeSuta bakwaMabhoko bafika ngokwebapa lapa besinyanga zeskosi ufuamede? Kasbo pela uQwabe kaZulu. Wasuka uZulu waya eMahlabatini kwaseBambi lapa ingewaba labe likona. Behlukana kanjalo: uQwabe uZala uFata uFata uzala uNcinci, uNcinci uzala uPakatwayo uzala uKanjana yedwa. Ufe ngempi yakwaPaka esde uBalele, uTshaka nfika kuPakatwayo njena eseyixegu akona. UBalele uzala uJubisa owokupela emakosini akwa-Qwabe. Abaziyo bati uMamfengonyana kona akunguye owendhlunkulu kwQwabe. ngoba pela sonke izindhla siyapenduka ebezisesangweni sibuyele ngenh'a nezo sibuyele esangweni Nanso ke inzalo kaMngoni inhloko yayo lapo ishona kona.

UZala uzala uMageba, ozala uPaga ozala uNdaba. Njengoba ngesbilo ngeahla ukuti Ndaba, Ndabesita isibongo sabo abakwaZulu. Nango pela uNdaba Ndabesita ozala uJama, uJama ozala uSenzangakona, ozala uTSHAKA inkosi yaseMinyovini:—

Dembe elepe amanye amalembe,
UDhlungwane wombeyebepe,
Odhlunge emanxulumeni, kwase kwasa
Amanxulama ebikelana,
Uhlanya olusemehlweni amadoda,
Inyoni zdhl'ezinye,
Yati isidhla ezinye yadhl'ezinye.
Ziyeke Dhlungwana izinkomo zabanta ziyinzelenkele
Zikangele ingobe emashobeni.

UDUNGANE:—

UVemvane olumahwaqahwaqa
Ngibe ngiyalupata lwahwaqabela
UVezi uNomanyanda
UMgabadeli ogababele inkundhla yakwaBulawayo
Uye wadabula eziOweni
Kwatoleka uSingayiya womSuta

UMPANDE:—

UMsimdi ovele ngesiluba
Paketi kwamaNgisi namaQadasi
Mdayi odaye abanta nezinkomo,
Isiyengane basiyengile
Basiyenge ngamaqabi eziñkomo
ONcagwana beno Matanjana
ozala uCETSHWAYO:
UJininindi omayama
Ongabubende engonyama
UHlamvana bhul'alilo
Ubaswe ngoMantshonga beno-Ngqelebana
Igwalagwala elibheje entameni
Kwaye kwabheja uTakela
UMtondolaka obheje eNdulinde pezulu
IziGqoza zaulabalabela;
Tamb'ekeleka wena owaliwayo wenze iNtombanana
Uyodhlula ngomfazi wakwa Ngxangaza
Uba yena nzolalapi
Uzolala esibayeni njengamatole.
Amatole azolalapi?
Inyati bayibambe ngamapande emikonto
Bati siyikuwela
Ite isiwela vawela ngamakanda amadoda
Umpimbili enjengeyemikonto
Kaye eyamanzi. Ozala uDINUZULU
Udhlotovu kabhekeki
Ufana nemisebe yelanga
Umlomo owodwana
Usuka upendule ingani uyabsbona
Abamilomo ingambili
Bayavanana.
Kuvunane amadoda
Engawa kubo kwaZulu
Enye iliMoozankomo
Enye inguMxapo
Umkaza vimbana bangakupozi
AbakwaNtini nabakwaSidhladhla
Bapuze izinganzi zamadoda.
Umtente omuhle ohlaba nsamila
Uhlome ehlatini ngengohlanya
Amakosana ehloma emsaxulumeni
Sitwa nankuuzimbili enye ingeyaze Bhongoni no.

Ezase Alexandra Township

Okwele ukuthangisa 'Emelo ngu Mr. R. J. Nosh Kambule, umati wesindhlu Ubiselwe akwaka indhlu kona.

o o o

Kulomosi wakiti besihanjelwe ngumkhoti wesikole uMr. F. Handei Thompson B. A. Ufike waqala ngesiko le sseChurch of England esipetwe nguM. P. Mahanga Esq. nomsizi wake uMiss F. Nkala. Sequba kahle kakulu. Watata usuku ehlola.

o o o

Kwalandelisa ngemaseRoman Catholic sepetwe ngeMiss M. Allen nabesizi bake noMrs. E. P. Mart Zulu noMisses, B. Smith, F. Goodall, wefika koqa chamto noMiss McGiffie umhlobitazi. Ngemcoma kakulu umsebenzi oqutshwa kona wezandhla kwasntombezana. Wencoma kakulu uMiss McGiffie umsebenzi kaMiss Allen wezandhla. Wati oqeda lapo wayeya eWesleyan esahamba naye uMiss McGiffie nal ona wafika kumfo kallolitsone uW. B. Molitsone, satasizi bake noMrs. J. L. Mophosho noMr. Habele. Kwapume lela shantwana sbaningi.

o o o

EsamaAfrica isitoie sipetwe ngu Miss C. C. Mayisela, Sona sasihlolwa ngumhloli omnyama ongaMr. Alfred Ebenezer Mputisi. Akuwakalanga ukuti abantwana bapumelela noma abapumelelanga kutulekute du aziwa kali ezabantwana bamaAfrica.

o o o

Kanti ukuhlolwa kwaso abanumzana nemakosikazi bebegewele indhlu kuso bukelwa umuntu onsundu. Ababekona Baba: Messrs. P. Ngwenya M. Gama noMr. noMrs. J. Dineka noMr. P. Damune noMrs. N. Dineka.

o o o

Abasiki besonda bati kusafunwa kufike omunye umAfrica azohlola futi kona la'bekubiota uMr. Mputini. Iyakupuka iAlexandra inabekloti bayo abamnyama.

o o o

Obonwe eyokwela ngumfundisi uRev. D. Mkatywa umfundisi weAfrican Congregational Church.

Ezase Victoria Hill.

Kade selitajele kabi lapa kodwa uNkulunkulu uzwile watumela invula. Kodwa kwesinye izigodi sekufile.

o o o

Kulapo esigodini eMhlumba naseEncunjana naseMatinta lishayile. Noko ngesOpste kayetembise nokuba like labalela.

o o o

Kayezwakala ukuti umutwana ul'hinhas Mcunu ubapete kahle abantu bakwabo abamba nabo ukuya emsebenzini kaHulument. Uyena miobi wesi newadi nabo abazitumela emakaya.

o o o

Hau, abazi uAaron Mfeka kaJames owake wabe nguShoemaker kwaFranklin eTekwini bati kasi ukuba uyena yini lowo obulewe eGoli? [Nguye.]

o o o

Kulesizinsuku sike sabona uMr. T S. Mkize ebuyise umfana wake owayo hlinswa sinyanga eGoli. Kwati nge Sonto wabonwa nalo lonke ibandhla laseVictoria Hill wezizwela ukuti aba lotshelwa kona beseJosi amanga odwa. Abalobeli bake beswela umgodi woku catsha. Kulapo abanye babaleka bati kutiwa basiwa eCwabeni.

o o o

UMr. Mkize wati kulo lonke ibandhla ofuna ukwazi ngakwakiswa komfundisi si akabuse kuye, owalotshwa uEx. Chief Madhlomo. Wapindela eJozi.

ISAZISO.
Kobamukeli bePepa.

Abamukeli bepepa abapelqiwe yisi kati ngoDecember bayaziswa lapa ukuti mabatumele imali yonyaka omusha ngaso lezinsuku ngoba emva kwalelionto ayonqanyulwa amapepa angakokelwe. Aze angakali ngatike oyobona engasilitoli ipepa eseziatula izindaba.

J. L. DUBE

KUFUNWA

Umuntu okwazi ukupeka azopekela izinsiwa zabelunga ezine ekamu longwayo wasiimela eHill Crest, Natal.

Lobani nisbo imali oyifunayo nokufunda kwako, incwadi iye ku Contractor No. 999,
P. O. Hill Crest.

ABAZIYO.

Abantu abazi kah'e ngokuyilona su lokuqeda nbuhlungu nokwebeka ukwenyela nemiputulazo bagcoba njalo ngesigcobo sobuhlungu sika Chamberlain. Bayala nje bati awako ofana naso. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

Umhlangano kaBandhla linye.

Ngilanda ukwazisa indaba yalokhlangano wabufundisi, emaBandhleni nemihlolo ngamahlelo obubotene eBloemfontein ngo 14th February ukuti apindile futi wapumelelas ukuti iSonto inaibelliaye labanta abamnyama lapa eSouth Africa. Kwaza kwenyuka iKoniti (Committee) yokuhlola izindhlela ezifanele akupata lelibandhla laseAfrica nokumisa kuzo zonke izindawo lapo knookwenzeka kona, amaKomiti amancane (Organizing Committees) ukuba lendaba ishuayayefwe ngokubesni kulo lonke elomzansi Africa. Ngicelwe ukuba lendaba ngiyiswakalise emaKosini onke esizwe esimnyama sse South Africa ngiwazise. Inhlanganiselo inesiso sokuba amaKosi nawo abekona enhlanganiswe ni ezapo, engetemba ukuba izoba nsQueenstown eCape Colony ngaJune. Asikalwesi kahle nsuku lwayo, kodwa ke pela isisiso sicopama kona lapa eLangeni ngoMay. Kufanele ukuba kwakelwe ibandhla lase-Africa pezu kwamaKosi esizwe seta napesa kwenvume yawo ukuze liqine, libenamandhla ngenjawo onke amasonto azozonke isizwe uknze lisselwe londh lwe iwo amaKosi nazo sonke isizwe sabamnyama ma lngabheki okupatwa ngemali yamakolwa yedwa kube akupela, kodwa ebe eyisizwe sonke saseAfrica, ikolwa naye ongakolwayo. Ukuze kubekona amandhla aqinileyo okufundisa isizwe sonketsabamnyama kwakiwe amaKolishi (Colleges) amakulu lapa kufanele kona, kuhlanganisiwe izingane zonke ezwegi izigidi ngezidi or "millions" zabako lwayo nabangakolwayo, zezicebi nezezi mpofana. Zifandiswe ngokwanelevo zifane nezazo zonke izizwe ezipansi komtdazi welanga. Akuso mfando le ekona yamanhla eqapamelelisa isizwe sibe esikatyisiweyo njengazo zonke izizwe esisemazweni ngamaswe. Kona kukalisne icilongo lokupela siyisiebesi rano sonke izizwe ezipama kwamanye amazwe ama singami ngezinyawo kona amahlanje. Amasonto amaningi lawa awufuneki ngalento, nihlazo nase Nkosini yenala. Umsebenzi wawo akwamukiwa amabandhla nje akupela, beko kambe niti ilona utando otwashiswo nKristu iNkosi yetu na? Hai! Ngako ke kuhlanzanizo lapo seyaneliswe inkulumo, nesimpendulo zom mi mi wayo, ivumelene ngawi liqye lokuti malakiwe iPento latanta lapa eAfrica. Kwadhliwe izintsndane nabafeloka zi besizwe sase Africa.

Nanka ke amagama eKomiti eliketiwayo:

(1.) Rev. Soga,
(2.) „ Dambuza,
(3.) „ W. B. Rubusana,
(4.) „ B. Mawi,
(5.) „ T. M. Mahabane,
(6.) „ Tyamzn,
(7.) „ Molokone,
(8.) „ Mzili,
(9.) „ Jordan,
(10.) „ E. Mdolombe,
(11) „ Mawi,
(12.) Messrs. G. Molisapoli,
(13.) „ Seatlane,
(14.) „ J. B. Twayi,
(15.) „ H. S. Msimang,
(16.) „ M Pelem.

Aybelwa Chairman noNobhala Ancinsko ukubala amacala eahlanganiso yonke Mhleli, kanerpela ipem la ko nayo le nje ngiyazombela songati siyikufakwa yonke. Ngingasale sengiti nje bebekona abafundisi abavela kuwo onke amacala kanye nezinonywa zawo onke amabandhla; kanye nayavela eCapetown emaBandhleni an 7 ngesadhla sika nobhala wabo uRev. T. M. Mahabane eyayivasa kakuba nNhlanga iso ngamatwi ayo emahle ibilemganiso yatota izinsuku ezimbili kanye nobusuku bonke yupela esasemngolwesine 26th ngo 3:30 a. m Kw citelwa zaleligama lokuti wonke umfundisi nomshumayeli ekona lapa mashumayele lendaba endaweni akayo.

E. L. MKIZE.
Roberts Heights,
Pretoria.

ISAZISO

Annual Conference of the African Ethiopian Church.

Kwaziswa lonke abefundisi nabaVangeli nezitunywa zamaSekende ukuti eminio yenyaka yabafundisi base African Ethiopian Church iyabuka ngomhla kaApril 29th 1920 eStanderton, Transvaal. Bonke Abafundisi nabaVangeli neZitunywa bazo bafike nezimali zokudhla kwenhlanganiso umpondo ngokuba sikadhla sokudulile manje. Futi baze bafike nemali yonyaka kaNzondelelo. Bonke abaFundisi nabaVangeli nesitunywa kufuneka bapekele ukufika ngomhla ka April 28th ngokuba inhlanganiso iyakungena ngesikati sika 2 ekuseni.

Yimi Owenu eNkosini.

Rev. J. M. LUHLONGWANA (President for Annual Conference)

IMIKUHLANE YABANTWANA

Nibayekeluni abantwana bake yiloko bekandhla imizinyana yabo ngelelihlobo olukatanayo nibe ningase nelape imikuhlane yabo ngegabha loka Chamberlain wokukohleka? Utengiswa yibo bonke abatengisi.

UKUTUNYWA kukaSOBANTU.

Iqutshwa kwelidhlule

NGU M. M. FUZE.

UMTSHADO WOKUQALA.

Umtshado wokuqala owaba s'Ekukanyeni labo abashadiswa ngaye uSobantu ngobo kwaba ngokaJojo kaNyangana wakwaDamane, etshado noNovuzo indodakazi kaFilipa waseLangeni kwaMhlongo, noHlalelwa kaMangcaba wakwaMkize etshado noPayekiwe kaNdengezi, batshada lonaku lunye. Ubatshadisa njalo uyabelise. ngoba engaboni kahle ukuti kufanele yini ukuba akwenze loko, ngenxa yokuba akuhamba kwabasta kwahlukene kakulu nemihambo yabelunga; ngoba intombi yomuntu ilotelolwa ngesinkomo esinkuyiswa kuyise wentombi ngamyeni; siti k. uyise sincole umntanake abesenyise kunyeni. ngapandhle kwaloko ngelele ende kuleyo ndoda ngoba emtshadweni lapo indoda ifaka intombi indandato ese iyisibona talizo nesifango sokuti ifa lenduda iziniks lowo owesifazane; ingenti ngokwakiti kungenseke ukuba ifa lomuntu lidhliwe ngamalandelasi beksna abakubo, sengitsho nomadeni wakwododa aje ngobo, abangenise ubuzwa nabwo ofileyo edase. Pol kuyskuya kubo bonke abanambili ukuti umtshado lo asebenzi lato kumuntu omnyama, ukupela nebenza ize lese, inxa kungase wona emangi ngobo; ngoba konke ukwenziwyu ngumfundisi kulab'abantu ababili ababilanganiswayo kanke kungento yalo. Nayeke kodwa uSobantu wabalisa wabuliza waza wagcina ngako ukubatshadisa kuyo indhla yeSonto eSt. John's, Ekakanyeni, ejonda, asi ukuti wenza ize nje, ngoba konke loku engikakalumayo sabe ekuqonde kanobala kuye ukuti akuyikwenzeka ziuba kagcine ngokugxila.

UKUPUMA EMTETWENI.

Nansike enye indaba efana nalena yomshado. Iaikoba yabelunga siyitubela ngamawabla, kubelapa sisagcaswo amandhla okuyigcina, kube sekonakala ukuti sinza ubambula nkuzenzisa aje, ngoba nati siqonda ukuti sainskumelana nako loko.

Kute mdhla kufika kimi sbanumzane absbili oMr. John Kumalo no-Mr. Isaac Caluza, beze konxiwa ukuba ngibabhalele amazwi abo okusola ukupatwa kwabanta ngaHulumeni ngo-1875, mdhla kufike inkos'enkulu uSir Garnet Wolseley; wesuka uHulumeni wapendula ngelokuti konke labo abatanda ukungena akuhambeni kwabelungu bavayelwe ukukwenza, nabatate inscvadi elungiselwe loko esencantolo; kwase kuti nikilili abanta bakiti sebeya kutenga leyonocwadi. Kepa uSobanta wati uba ezwe lawo mazwi akosakula wayitenga naye leyo'nocwadi, wfanyanisa kugcwele okuningi okunzima okangemelsne nokuhamba kwemanta omnyama.

Ake nincneke nipepelisise kahle kuleziziblamva zombili ezaingakanyi kahle kuSobanta! Ngitshenisani ngalepo umtshado wokunikaso izdadaso omi ngakona, loku sebebasingi abafelwa ngabayeni babo, indhlule bangalidhli lelo lifa abangelwe ngalo ndhla betshadayo. Nobo labo abagijimele ubulonga nga si jal'ane beengasekabipi nacsixpence bam. e. ganitenjiswe bona ngaoXunaso ngoSilevane, koaje bangabelungu ngepela yniko? Angiti bangabanto ajezozi njena na? Konje yikupi akubamba kwabo ngokwobulunga abakwenzayo? Ukubamba ebusuku sekudhlule umuni kambe? Ngoba ngiqinsile ukuti akuko okunye. nakoko loko bazisiza ngokuhamba bepete zom izinowadi nokupama kwabo emtetweni wabanta, bangeke bahlale nabelungu bakubo labo emstafalen Nabomtshado laba kua sibabona ezinkantolo beye kwahlukanisa. sekuhleke nya ukufunga kwebo a nbekwena mnuku benikana indaudato. Kodwa kwatiwa mhlope ukuti lomkuba wokutshado ngine ngakwabesifane kakula ngenxa yokuba becabanga beti umtshado abopa abesilisa ukuba bangapindi batate abanye besifazane. Kuuti-ke qa akunjalo. Nasendulo beninzi ababetata bazihlalele nomkabo abangabodwa, bahlale kahle, betandana bezwana, sengitsho nabo abanumzane abefuyileyo, akuyi ngokuboshwa ngumshado wase Sontweni. Kepa mina ngingati kungcono kumuntu ukutata abafazi abaningi kunokuba atshadiswe qede nalowo oyedwa ahambe esityonyoba evalela abantu ebusuku ezingela abafazi bamanye amadoda. Inqondo kaSobanta kanbe yabe inkulu kakulu; yena wabe ekwazi konke okuyakuge na ngokuvel emveni kwalesisikati na'apa sekudhl le iminyaka eminingi engasekc ngoba kwake. Kanye kupela abe ekapiselele ukukufundisa abantu; Ukuhamba ngokulunza emhla sonke, nokuzwelana umuntu kwabo bonke, kwazo konke izibibho, nokukluma isiminya emhlabeni kwaLowo owezu kufundisa indhlela yokuya pambi kuka Nkulunkulu. Ukuhlule loko, wavazama ukukwenza kepa loko iswe alikuvumanga; wase wabe ngamanta omubi impela kwabanye ngenxa yokwenza kwake ukuluza, ikakulu kubelunga. Noko wadhlulela pambili njalo yena wase wagcduka onza kona loko.